# ISIDLO

Ngiyabonga, Mfowethu Orman. Siyajabula kulobubusuku ukuba lapha ukuba sizwe lomlayezo omangalisayo ovela—ovela ezindebeni zomfowethu, ukuthi sikholwa ukuthi ugcotshwe ngoMoya oNgcwele ukuba asilethele lezi zindaba ezinkulu ze, njengoba ishiwo, zokunxusa: ukuthi sifanele siphile kanjani kulokusuku lwamanje ebungcweleni phambi kukaNkulunkulu naphambi komunye nomunye.

2 Si—si—sifuna ubungcwele nje phakathi kwethu ukuthi kungabikho ukuxhumana okungcolile kuzwakale phakathi kwethu nhlobo njengoba sivuma lolubizo olukhulu lukaNkulunkulu. Sifanele sihambe ngokufanele lento uNkulunkulu asilethe kuyo. Futhi sesisezansi le ngasekupheleni kohambo manje, lapho silindele okuchichima ngokwedlulele ngaphezu kwakho konke esingakwenza noma sikucabange.

3 Futhi khumbula, sifuna ukuhlala njalo njalo sisemkhulekweni. Futhi ngaphezu kwakho konke, bheka ukuphila kwakho: uma ukuphila kwakho kungahambisani nobungcwele bukaNkulunkulu, khona-ke buyela emuva futhi uqale ukukhuleka futhi; kukhona okungalungile. Niyabo? Sifanele siphile kulolohlobo lwesimo lapho izithelo zikaMoya ziyoZazisa ngathi. Yilokho esifuna ukukuphila.

4 Niyazi, ngesinye isikhathi sizwa abashumayeli abakhulu abakwazi ukushumayela ngamandla, kodwa sincamela ukubona intshumayelo iphilwa kunokuba singezwa eyodwa ishunyayelwa, niyabo, yebo, ngoba lobo ubufakazi obubonakalayo bokuthi uNkulunkulu ungaphakathi.

5 Manje, sinakho . . . kuza etafuleni lesidlo. Futhi manje, nokho, kukhona abanye abangasithathi iSidlo, futhi mhlawumbe basithatha emabandleni abo, kodwa singajabula kulobubusuku uma ubungakwazi, ungafuna, ukuhlanganyela nathi ngakulezizinto. Asikaze sidwebe noma yimiphi imigqa yokuthi ubani, inqobo nje uma uhamba ngokufanele kwe—kweVangeli o—olilalelayo, futhi uvuma ukuba yingxenye yalo.

6 Uyazi ukuthi uyingxenye yaleliVangeli. Ni—niyizincwadi ezifundwayo zalokhu esikhuluma ngakho. Inqobo nje uma senza into ethize eyihlazo, khona-ke sinesikweletu kulokho esikulalelayo. Niyabo? Sifanele siphile lokho esikukholwayo, futhi sikuphile ngendlela yokuthi akusoze kwahlambalaza, kodwa kubonakalise uJesu Kristu kukho konke esikwenzayo nesikushoyo. Kungaleyondlela-ke. SiyaMthanda nje ngalokhu.

7 Futhi manje, kulobubusuku, sizofunda uhlelo lwetafula leNkosi lokho kutholakala ngale kwabaseKorinte besiBili, cishe isahluko se 11. Futhi siyakufunda lokhu futhi sivumela

umuntu ngamunye . . . sikwenza kanjani lokhu, uma kukhona abasha phakathi kwethu, sibizela abantu ngase-altare ngoku—ngokulandelana lapho bengena, bathathe iSidlo. Futhi wonke umKristu ufanelekile.

8 Manje, uma uphila impilo efakazela lokho oyikho . . . Ufuna ukuhlola inhliziyo yakho. Ngokuba, ake ngiqiniseke ukuba ngibalule lokhu, ukuthi umBhalo ufundeka lapha, "Uma sisithatha ngokungafanele." Manje, siyazi ukuthi asifanelekile kithina uqobo; akekho kithi abafanelekile. Kodwa ukuthi asethembeli ekufanelekeni okungokwethu, sethembela kuYe Onakho . . . Se—sethembela ekufanelekeni kwaKhe, ukuthi sifile ekucabangeni okungokwethu uqobo, futhi nje sicabange imicabango yaKhe, futhi siphile kukho konke esikholwa ukuthi Usiyala ukukwenza, futhi sibheke emuva futhi sibone ukuthi siphilani, futhi sibukisise ukuphila kwethu, futhi uma senza izinto ezingalifanele iVangeli, khona-ke asifanele sithathe iSidlo.

9 Kodwa uma senza izinto esicabanga ukuthi ku . . . ukuthi ukuphila kwethu kungafundwa ngabantu bonke, ukuthi uma noma ubani engekwazi ukukhomba ngomunwe bese ethi, "Ngibone lendoda ebhareni ngolunye usuku," "Ngi—ngizwe lendoda ima futhi isho amahlaya angcolile," "lona wesifazane enza okungalungile," khona-ke, uma wazi ukuthi lowo nguMoya oNgcwele ukukhomba, khona-ke ungasithathi iSidlo. Kodwa uma u—uma uzizwela ukuthi—ukuthi uyaphila, ukuthi ubungabuka emuva futhi ubone ukuthi zonke izono zakho zivunyiwe futhi ngaphansi kweGazi, khona-ke u—ufanele usithathe leso. Wena u—wena u—wena uyingxenye yaso.

10 Manje, asifunde umBhalo njengoba nje uPawulu oNgcwele esinxusa lapha eNcwadini kaJohane oNgcwele i, ngicela uxolo, eNcwadini yabaseKorinte bokuQala, i—isahluko se 11, siqala ngevesi lama 23:

> *Ngokuba mina ngakwamukela eNkosini . . . enganinika khona, Ukuthi iNkosi uJesu ngalobo busuku . . . akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa:*

Ngifisa ngabe benginesikhathi uku—ukukhuluma lokho kancanyana.

> *. . . ngalobo busuku akhashelwa ngabo* (Niyabo?), wa*thabatha isinkwa,*

> *Wabonga, wasihlephula, . . . wathi, Thabathani,* futhi *nidle: lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.*

> *Kanjalo wathabatha nesitsha, emva kokudla kwakusihlwa, wathi, Lesi sitsha* ese*sivumelwano esitsha egazini lami: lokhu kwenzeni, ngezikhathi zonke* eni*siphuza ngazo, ukuba ningikhumbule.*

*Ngokuba* njalo *nxa* ni—*nxa* ni*dla lesi sinkwa, niphuza lesi sitsha,* ni*memezela ukufa kweNkosi ize ifike.*

*Ngakho-ke lowo odla lesi sinkwa, aphuze lesi sitsha seNkosi ngokungafanele, unecala lomzimba negazi leNkosi.*

*Kodwa umuntu akazihlolisise, khona-ke akadle* i*sinkwa, aphuze* okwe*sitsha.*

*Ngokuba odlayo aphuze ngokungafanele, uzidlela aziphuzele ukulahlwa, uma engawahlukanisi umzimba weNkosi.*

*Ngenxa yalokho baningi phakathi kwenu ababuthakathaka nabayagulayo, . . . abaningana balele.*

*Kepha uma* si*zahlulela thina, besingayikwahlulelwa.*

*Kepha nxa sahlulelwa, siyalaywa yiNkosi, ukuze singalahlwa kanye nezwe.*

11 Ngingaliletha lelophuzu: lapho sahlulelwa yiZwi, elinguKristu, siyalaywa. Uma senza ngokungalungile, asiphili ngokuhambisana naleliZwi, siyalaywa yiNkosi. Futhi lapho iNkosi *isilaya*, lokho kusho "lungisa" thina, ukuthi asifanele silahlwe kanye nezwe.

12 Asibona abezwe. Sihlukile ezweni, siphila impilo ehlukile, impilo ehlukanisiwe. Asifanele neze siphile impilo yezwe futhi sibe nguKristu. Sifanele siphile i—impilo evelele, impilo ehlukile. Hhayi, angiqondile, emazingeni omphakathi anjalo, kodwa ngiqonde ukuthi sifanele siphile impilo yobungcwele yoqobo ukuze izithelo zikaMoya zibonakale kithi: zobumnene; nobubele; nokukhuthazela; ukubekezela; ukukholeka: isithelo sikaMoya.

13 Kodwa lapho sizwa lezizinto, khona-ke siyazi ukuthi silaywa yiNkosi, ukuthi asizenzi, khona-ke siyalahlwa. Futhi uma singenakho ukulahlwa ngaphakathi kwethu, ukuthi siphila ngaphezu kwaleyonto, ngomusa kaNkulunkulu, khona-ke asilahlwa yizwe, kodwa siphila ngaphezu kwezinto zezwe. Niyabo?

*Ngakho-ke, bazalwane bami, nxa* ni*buthana ukuba nidle, anolindana omunye* omunye.

*Uma umuntu elambile, akadle ekhaya; ukuba* ningazeli *ukubuthanela ukulahlwa. Kepha okuseleyo* ngizo*kulungisa mhla ngifikayo.*

14 Besihlale senza iziyalo ezinhle kulokhu, ukuthi lapho sihlangana, nakuba ngisho singaboni lutho, kungahle kube khona okuthize komunye umuntu esikuqaphelayo obengalungile. Lapho nibuthana ukuba nidle lesiSidlo, lindanani, nikhulekelane. Khuleka ukuthi . . . Sihlala sikwenza lokhu: ngizokukhulekela ukuthi uma wena, uma kukhona

isono kuwe leso, isenzo esithile esingalungile noma into oyenzile njengekholwa, ngi—ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzokukhipha kuwe, ukuthi Uzokuthethelela ngakho. Futhi wena ngikhulekele ukuthi uma kukhona okuthize—into ethize engiyenzile, engingakwazi nje ngakho, uma ngikwenzile, futhi—futhi ngazi ukuthi akulungile, ngiyo, ngizokuvuma khona manje. Ngilungiselela ukukwenza, ngoba odla aphuze ngokungafanele, udla aziphuzele ukulahlwa, engawahlukanisi umzimba weNkosi.

15 Ukwahlukanisa kokwazi ukuthi ungumzimba weNkosi, awukwazi ukuhlukanisa e—ebubini nasesonweni; sifanele sibe ngaphezu kwalokho. Ukuthi sihlukanisa ukuthi iNkosi ilungile, futhi sihlukanisa ukuthi IyiNhlawulo yethu; ukuthi zonke izono zethu sizivumile, futhi siyakholwa kuYe ngokulinda ukubuyisana kwaKhe ukuze isihlanze kubo bonke ububi bethu; khona-ke sehlukanisa umzimba weNkosi kulokho wona oyikho, ukuhlukanisa kwalokho ongowakho.

16 Bese kuthi-ke uhlukanise futhi, ukuthi phakathi kwethu, njengomzimba woMlobokazi weNkosi, ake sihlukanise uma kukhona okungalungile ngathi phakathi lapha okungavimba iVangeli ekukhuleni, noma iNkosi ekusethuleni phambi kukaNkulunkulu njengentombi emsulwa. Ake sihlukanise lokho khona manje futhi sithole ukuthi akulungile yini. Asikuvume uma kungalungile. Ake—ake sithi, “Nkosi, ngi—ngiyaxolisa ngalokho.”

17 Ngakho ngakho-ke, kungaba yinto ethize esiyenzile, wena oyenzile, into mina engiyenzile. Kungahle kungabi ngokuqaphela, khona manje, asicele uNkulunkulu ukuba asithethelele ngakho. Sasivamise ukucula iculo lapha:

> Thethelela i—izono engizivumile kuWe;
> Thethelela isono esiyimfihlo . . . ? . . . bona;

Abangazi lutho ngaso, isono esingaziwa, si—si—siyakhuleka, “Nkulunkulu, bathethelele.”

18 Manje, Lathi, “Lapho nibuthana, lindanani,” futhi lokho ngempela bekungaba kanje: lindanani. *Linda* kusho “ukulinda,” nilindane. Masenze lokho manje. Ngizokukhulekela. Uma wazi noma yini okwenzile okungalungile, yithi, “Nkulunkulu, ngithethelele, Bengingakuqondile lokho, futhi uma Uzongisiza kusukela kulobu busuku kuqhubeke, ngeke ngiphinde ngikwenze. Ngi—ngikusho ngempela, Nkosi, angeke ngiphinde ngikwenze uma nje Uzongithethelela. Naphezu kokuvuma kwami ‘Ngiyakholwa ukuthi Uyangithethelela,’ ngiyahamba ngiyothatha umzimba kaKristu, ngizizwela enhliziyweni yami ukuthi Uyangithethelela ngazo zonke izono sami.” Ngiyakhulekela-ke isono sakho esiyimfihlo, wena khulekela esami, ukuthi mhlawumbe into ethize esingazi ngayo, ukuthi ngeke sihlangane silahliwe kanye nezwe.

19 Asilifuni izwe phakathi lapha. Le ndawana encane yabantu uNkulunkulu asinike yona ukuthi sikhonze nabo phakathi lapha, sifuna ukuzigcina sihlanzekile kubugovu, gcina into yethu. . . isono sethu. . . izimpilo zethu zihlanzekile kuzo zonke izinto zezwe, ukuze singabonwa ngalokho. Sifuna ukulungela uHlwitho.

Ngakho asikhulekele manje, ngokuthula, ngomunye nomunye, umzuzwana nje. Wena ngikhulekele njengoba ngikukhulekela.

20 Nkosi Jesu, makube njalo, Nkosi, ukuthi zonke izono zethu manje zibe seGazini leNkosi uJesu, ekukhohlweni izinkumbulo zikaNkulunkulu, ukuthi sihlangane manje njengamakholwa athandekayo nabantwana kuKristu, ngokuba siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

21 Manje, ngalesi sikhathi ngenkathi a—amalunga, ngicabanga ukuthi eza ngaphambili. (Ngabe kuseyinqubo leyo, lapha na?) UMfowethu Tony Zabel, futhi uzoyiqondisa. Futhi uma ekhona okufanele ahambe manje futhi engafuni ukuhlalela iSidlo, siyajabula ukuba nawe ngaphakathi kulobubusuku. Khumbula ukuhlangana kwethu kwangoLwesithathu. . . Umhlangano womkhuleko wangoLwesithathu ebusuku. Futhi phuma ngesinyelele ngokuthula ngenkathi bonke abanye beza e-altare. NoMfowethu Zabel, lapha, uzoqondisa a—abantu baye e-altare ngenkathi sisalungiselela iSidlo.

22 Lokhu kumele umzimba weNkosi uJesu, iSinkwa. Futhi njengoba iculo lisanda kuculwa, *Ukukholwa Kwami Kubheka KuWe*. Kunemiyalo emithathu kuphela iNkosi esinikeze yona, futhi lowo kwakungumbhaphathizo, ukuthatha isinkwa newayini, nokugeza izinyawo, yimiyalo. Futhi lokhu kumelela umzimba kaKristu ophukile.

23 Umkhuleko wami ukuthi wonke umuntu ohlanganyela kulokhu kulobubusuku, ukuthi, bazomukela isibusiso sikaMoya oNgcwele ukuba size phezu kwabo. Futhi ukuthi bayagula, kwangathi uNkulunkulu waseZulwini, Owasungula lokhu esimweni sokuqala ezansi eGibhithe ngokuthatha a—a—amakhambi ababayo newayini, ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzoniphilisa, futhi kulo lonke uhambo lwenu akuyikubakhona ukugula phakathi kwenu. Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angabheka kithi manje, njengoba sinikela lokhu kuYe.

24 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, siyaKubonga ngalesi simiso, ukuthi singakwenza lokhu ekukhumbuleni Wena njengoba sihlanganyela, njengoba kwakunjalo, eBukhoneni baKho, ngasekuhlanganyeleni komusa kaNkulunkulu. Njengoba sicabanga ezinhliziyweni zethu uqobo, ukuthi ngelinye ilanga sasingafanelekile, futhi manje

iGazi likaJesu Kristu lisihlanzile kuleso sono, ukuthi simi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu.

25 Lesi sinkwa sekosha, Baba, esibhakiwe futhi salethwa lapha ngenxa yalenhloso, siyaKucela ukuba usingcwelise, Nkosi, ukuthi ekumelelekeni komzimba ophukile . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] njengobungcwele nobuhlungu nokuhlupheka Akwenza eKalvari ngenkathi lomzimba wephulwa. Ukuthi Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Wachotshozwa ngenxa yobubi bethu. Isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaKhe, futhi ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina. Yingakho sithatha lesi sinkwa esiphukile kulobubusuku. UNkulunkulu abusise amakholwa futhi angcwelise lesi—lesi sinkwa sekosha sibe okumelele umzimba kaJesu Kristu. Amen.

26 IBhayibheli lathi, "Kanjalo Wathabatha nesitsha, emva kokuba Esedle ukudlwa kwakusihlwa, Wathabatha, wathi, thabathani niphuze, lokhu kuyisitsha seSivumelwano esiSha; njalo nxa nenza lokhu, nimemezela ukufa kweNkosi ize Ifike." Njengoba ngibambe ngesandla sami kulobubusuku leli wayini, elenziwe nge—ngempilo yamagilebhisi ahlanganisiwe lapha ukumelela iGazi likaJesu Kristu, asikaze sibekhona isikhathi namanje, lapho engake ngacosha khona ithileyi lesidlo, kodwa ngangabuka phakathi lapho futhi ngabona izono zami zingasekho. Ngiyabona ukube bekungengenxa yalokho, lokho—lokho . . . awu, besiyoba kuphi na?

27 Ngicabanga ngephakathi lapho lapho indoda egulayo ilele ifa, ngaleya esibhedlela: mina. Kungemivimbo yaKhe ngaphulukiswa. Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angalibusisa leli wayini ekusetshenzisweni kwalo okuhlosiwe.

28 Nkosi Jesu, sethula kuWe lesi siphuzo samagilebhisi, iwayini elithathwe egazini lamagilebhisi ukumelela iGazi likaJesu Kristu. Kwangathi, njengoba silemukela, Baba, kwangathi ukugula kungasuka kithi. Kwangathi isono, isifiso, kungasuswa kithi. Kwangathi singaphila engcwele kakhulu, impilo yobungcwele emva kwalokhu, ukuze abantu babone ukubonakaliswa kukaJesu Kristu kithi, nokuthi ukuhamba kwethu—kwethu empilweni bekuyolifanela iVangeli esilikholwayo. Siphe khona, Baba. Futhi ungcwelise i . . . leli wayini manje, ngenxa yokusetshenziswa okuhloselwe lona. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

